INDLELA YONQAMLEZO
Ukuzindla ngempilo ka-Abbot Francis



ISINGENISO

INdlela yoNqamlezo yadlala indima enkulu empilweni yokholo ka-Abbot Francis Pfanner. Siyethemba amaphepha aphume kamuva azochaza kabanzi ngalokhu kubaluleka kwale Ndlela yoNqamlezo.

Lo mkhuleko okuleli pheshana wenziwa amadodana namadodakazi ka-Abbot Francis Pfanner, okuyiziNdela zaseMariannhill neziNdelakazi zeGazi eliliGugu, ngenhloso yokukhuleka iNdlela yoNqamlezo eyenziwa uFrancis Pfanner endaweni enamatshe ngemuva kwesonto entabeni. Ngomhlaka 10 August 2009 abaBhishobhi baseNingizimu ne-Afrika benza uhambo lwabo oluyingcwele ngenhloso yokulungiselela ukugubha iminyaka eyikhulu le nceku kaNkulunkulu u-Abbot Francis ashona ngonyaka kaMay 1909. Bakhuphuka iNdlela

yoNqamlezo besebenzisa le mikhuleko. Ngalo lolu hambo baphinda bazwakalisa isifiso sabo mayelana nokubusiswa kwale Nceku efana noMphostoli waseNingizimu Afrika. UCardinal Napier wabhala encwadini yezihambi wathi: “Lolu hambo oluwumlando lwabaBhishobhi baseNingizimu ne-Afrika lukhombisa indlela iBandla elizibandakanya ngayo nokubusiswa kwale Nceku kaNkulunkulu u-Abbot Francis Pfanner. Namhlanje abaBhishobhi bezwakalise izifiso zabo ngokucwebiswa kwale Nceku u-Abbot Francis Pfanner.”

Kwathi ngesikhathi sentshumayelo uCardinal Wilfred Napier, owayeyibamba kulesi sifundabhishobhi saseMzimkhulu *(lapho i-Emaus ingaphansi kwayo)*, wanxusa ukuba kube nemibhalo eyazisa abantu ngale Nceku nangokholo lwayo. UCardinal Napier akagcinanga ngokusho nje kuphela wabuye wasiza kakhulu ekusungulweni kwale mibhalo eyazisa ngale Nceku. Siphakamisa ukubonga okukhulu kuyena uCardinal nabo bonke abaxhasa ekwenziweni kwale mibhalo nakulabo abasiza kakhulu ukuyicubungula. Ngizothanda ukubalula ikakhulu usizo lweNkosazana uDorothy Funken CPS, noBaba uHubert Wendl benoBaba uHenry Ratering CMM kanye noMnumzane uSydney Duval.

Ngaphandle kwaleli bhuku, likhona futhi nelincane kunaleli kulabo abangafisa ukuba nawo abangazi phathela wona ukukhuleka iNdlela yoNqamlezo.

INkathi yokuLindela 2008

Fr Christopher Eisentraut CMM
Emaus Heritage Centre.



ISIQALO

Sesizoqala iNdlela yoNqamlezo iNkosi yethu uJesu Kristo ayihamba ngaphambi kokufa, okuyindlela futhi u-Abbot Francis Pfanner ayihamba ngezinsuku zakhe zokugcina lapha e-Emaus. Ukuhamba iNdlela yoNqamlezo kusho ukuzibandakanya nempilo yesiphambano sikaKristo. Kusho ukuzitholela, ngoMoya Ocwebileyo, uthando olufihliwe esiphambanweni sikaKristo. Kusho futhi ukuzithathela ezethu iziphambano, bese siqhubeka nokuqina othandweni, sihambe kanye noKristo.

INDAWO YOKUQALA:
UJESU UYALAHLWA UKUBA ABULAWE

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: UPilatu wathi kubo: “Pho-ke, ngimenzenjani uJesu okuthiwa nguKristo na?” Bona bathi: “Makanqanyulezwe.” Wayesethi: “Ngokuba wenze bubi buni na? Kepha bamemeza kakhulu bathi: “Mnqamleze.” Wayesebakhululela uBarabas, wathi esemshayile uJesu wamnikela ukuba anqanyulezwe.

Umzindlo: U-Abbot Francis naye walahlwa, wabulawa emsebenzini wakhe ukuba angawuqhubi. Waxoshwa emsebenzini wakhe wothando, ezimishini naseMariannhill imbala.

Nathi empilweni yethu siyalahlwa kaningi-ningi. Ngezinye izikhathi izifiso zethu ezinhle ziyehlulelwa ngokungelona iqiniso. Izikhathi ngezikhathi siyabuzwa lobo buhlungu bokunqunywa emisebenzini yethu esiyithandayo.

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, wakwamukela ukulahlwa okwakungenaqiniso, siphe thina kanye nabantu bonke iGrasiya lokuhlala sithembekile eqinisweni.

Ungavumeli amandla emisebenzi yokuhlupheka kwabangenacala kuwele phezu kwethu nakulabo abeza emva kwethu.

Kuwe Jesu, mahluleli omuhle, makube udumo nokubongwa kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESIBILI:
UJESU UTHWALA UNQAMLEZO

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Esembhinqile amhlubula ingubo ebomvu, amembathisa izingubo zakhe. Ayesephuma naye ukuba ambethele. *(Mk 15:20).*

Umzindlo: Ngokuzethemba okukhulu u-Abbot Francis waluthatha unqamlezo uNkulunkulu owayemkhethele lona walwetshatha. Wayazi ukuthi kwakufanelekile aluthwale ahambe nalo. Walwamukela unqamlezo lwempilo yakhe ikakhulukazi ngesikhathi elapha e-Emaus, nalapho ayesezwa ukuthi impilo yakhe isiya ngasekupheleni.
Thina-ke silwamukela kanjani unqamlezo, ngokwesaba kumbe ngamandla? Asikakaqondi yini ukuthi ngonqamlezo nangokufa kwakhe uKristo wasindisa umhlaba?

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, walwamukela unqamlezo ezandleni zabantu ababengenalo uzwelo ukwenza ngalo isibonakaliso sothando lukaNkulunkulu nokusindisa isintu. Siphe thina kanye nabo bonke abantu igrasiya lokholo kulolo thando olungapheliyo. Usenze sibe ngofakazi abaqinile boSindiso lwakho.
Kuwe Jesu, Mfundisi nowahlukunyezwa, makube udumo nokubongwa kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESITHATHU:

UJESU UYAWA NGOKOKUQALA

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu, kodwa thina sathi ijezisiwe, yashaywa nguNkulunkulu, yahlushwa. Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphiliswe thina *(Isaya 53:45).*

Umzindlo: U-Abbot Francis wakuzwa loko kuwa empilweni yakhe. Ngezinye izikhathi wayelwa nokwakungenabulungiswa okwakwenziwa kuye, ekhala futhi enemibuzo. Yize kwakunjalo wasukuma waqhubeka nokuphokophela endleleni yakhe, eluthwele unqamlezo lwakhe ebheke phambili.

Nathi uma siwa ngenxa yobunzima besiphambano, uNkulunkulu asibekile emahlombe ethu kufanele singesabi kumbe singadikibali. Baningi bewa ngaphezu kokuba siwa kodwa bavuke baphikelele. Ekuzameni yilapho kutholakala khona amandla.

Masithule isikhashana / Umkhuleko:

Oh Nkosi Jesu Kristo, lapho uwa ngenxa yokusindwa amacala ethu, ubuye uvuke ngenxa yokuphila kwethu. Sisize kanye nabo bonke abesindwayo becindezelwe yizono ukuba babuye bavuke baphokophele phambili endleleni yabo. Siphe amandla oMoya Ocwebileyo ukuthwala iziphambano zobuthaka bethu kanye nawe. Kuwe Jesu owacindezelwa ukusinda kwezono zethu, makube udumo nothando kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESINE:
UJESU UHLANGANA NONINA ENDLELENI

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: USimeyoni wababusisa wathi kuMaria uNina: bheka, lo umiselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi kuIsrayeli, nesibonakaliso esiphikwayo. Yebo, inkemba iyakudabula nowakho umphefumulo ukuba kwambulwe imizindlo yezinhliziyo eziningi. Kepha uMaria wakugcina konke lokhu enhliziyweni yakhe *(Luka 2:34-35, 51).*

Umzindlo: U-Abbot Francis wahlangana kaningi-ningi naye uMame Ocwebileyo empilweni yakhe. Wahlangana naye ekukhuleni kwakhe, lapho eseseMariawald, Mariastern, Dunbrody kanye naseMariannhill nakuzo zonke izindawo zokudumisa *(amaSonto)* azisungula nawaze waziqamba ngegama likaMaria.

Kuyena, uMaria wayengumsizi omkhulu wamakholwa, uNina kaNkulunkulu, owathatshathwa ngaphandle kwesono. EseTre Fontane wake wathi: “Ukumazi nokumthanda uMaria kunguncebo nokuhlakanipha”. Ngabe siyahlangana yini naye thina uMaria endleleni yethu yokuphila? UMaria uyaluqonda usizi lokuhlupheka kwethu. Wavuma wathi ‘yebo’ kwintando kaNkulunkulu.

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, sidinga abantu besifazane ezweni lethu abazobuyisela isithunzi sobuntu. Nkosi Jesu sidinga uMaria, ongowesifazane, ongumakoti nongumame, ongakaze abukele phansi kumbe angabi nalo uthando.

Nkosi Jesu, sikhulekela bonke abesimame emhlabeni wonke.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESIHLANU:

USIMONI WASEKHERENA UPHUMUZA UJESU

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Babamba umuntu owayedlula ngendlela, uSimon waseKherena evela endle, uyise ka-Alexander noRufus ukuba athwale isiphambano sakhe. Base bemyisa endaweni ebizwa ngeGolgotha, okusho ukuthi indawo yekhanda *(Marku 15:21).*

Umzindlo: Ohambweni lwempilo yakhe u-Abbot Francis wayenabafowabo nodadewabo abaningi ababengabasizi bakhe, bemsiza buthule, nabafunda kancane kancane ukuba ngoSimon baseKherena ngenkathi bemsiza ukuthwala isiphambano sakhe.

Bangaki kithi abangane esinabo ezimpilweni zethu abathwala kanye nathi iziphambano? Masijabule sibonge ngosizo abafowethu nodadewethu abasinika lona esikhathini esedlule ukuthwala iziphambano zethu zemihla ngemihla. Thina-ke ngabe siyibo yini oSimon baseKherena kwabanye abantu na?

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, uSimon waseKherena wamnika ukuhlakanipha okukhulu kokuthwala isiphambano sakho. Samukele nathi phansi kwaleso sisindo soNqamlezo lwakho, usiphe isipho sokuhlala silindele ukusiza. Ungasivumeli ukuthi sibalekele kude nalabo abacindezelwe uNqamlezo lokugula, olokuzizwa bebodwa bengenamuntu eduze kwabo, abalambile bengenanto yokudla nalabo okungenziwa kubo ubulungiswa.

Njengoba sithwala ubunzima babantu, sisize sibe ngofakazi beVangeli loNqamlezo kanye nofakazi bakho, wena ophila ubusa izikhathi ngezikhathi.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.



INDAWO YESITHUPHA:

UJESU USULWA UBUSO NGU-VERONICA

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Kuwena othi: “Funani ubuso bami,” inhliziyo yami ithi: “Ubuso bakho, Jehova, ngiyabufuna.” Ungafihli ubuso bakho kimi, ungaxoshi inceku yakho ngokuthukuthela. Wena ulusizo lwami, ungangilahli, ungangishiyi, Nkulunkulu Msindisi wami

(AmaHubo 27:8-9).

Umzindlo: Ekuhluphekeni kuka-Abbot Francis baningi abanye abantu abahlupheka naye. Ngalokho, kuyena bafunda ukuthwala isiphambano. Abantu bokuqala abasula ubuso obuningi basiza nabanye osizini nasezidingweni zabo kwaba amaKhosazana aseMariannhill. Namanje basakhombisa lobo buso beqiniso bukaJesu kubantu esihlala nabo.

Sinabo kangakanani kithina ubuso beqiniso bukaKristu?

Masithule isikhashana / Umkhuleko:

Nkosi, siphe izinhliziyo ezingaphumuli, izihliziyo ezihlala zifuna ubuso bakho. Sivikele ekungabonini kwenhliziyo ebona kuphela izinto ezisobala. Siphe ukuqonda kalula nokucweba okusivumela ukuba sikwazi ukubona ubukhona bakho emhlabeni. Lapho singakwazi ukufeza noma ukuphumelela ekwenzeni izinto ezinhle, siphe amandla avela ekuzithobeni nasebuhleni bakho. Sambulele ubuso bakho ezinhliziyweni zethu, ukuze sihlangane nawe endleleni sibukhombise ubuso bakho emhlabeni wonke.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESIKHOMBISA:
UJESU UYAWA NGOKWESIBILI

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Ngingumuntu obone ukuhlupheka ngentonga yentukuthelo yakhe. Ungiholile wangihambisa ebumnyameni, kungasikho ekukhanyeni. Ubiyele izindlela zami ngamatshe abaziweyo, wagwegwisa imikhondo yami. Waphula amazinyo ami ngohlalwane, wangembesa umlotha *(Isililo 3:1-2, 9, 16).*

Umzindlo: Ngenxa yesibindi nokubekezela, u-Abbot Francis wayenyuka njalo indlela ebheke entabeni iKhalvari. Ukukhuluma kwakhe buthule, nangezincwadi zakhe owayezibhala esola, konke lokhu kwaphenduka kwaba ukuthula ngesikhathi ezibuyisa yena uqobo ekhuphuka intaba yakhe yokuhlupheka.

Nathi lapho sizithola sikhalaza sifuna inkululeko kokusisabisayo ngendlela yokukhalaza nokungeneliseki, masehlise imimoya sicabange. Ngokuba kuKristo sinawo amandla okuqhubekela phambili.

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, wawa kanzima ngenxa yokusindwa yizono zoluntu wabuye wavuka futhi wenzela ukuba zesulwe. Siphe amandla okuthwala isiphambano sansuku zonke nokuthi sibuye sivuke lapho siwa ukuze sikwazi ukudlulisa ivangeli lakho kwizizukulwane.

Kuwe, Oh Jesu, kukhona ukuxhaswa lapho sibuthaka, makube udumo nothando kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESISHIYAGALOMBILI:

ABESIFAZANE BASEJERUSALEMA BAYAMKHALELA UJESU

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Kepha uJesu waphendukela kubo wathi: Madodakazi aseJerusalema ningangikhaleli mina kodwa zikhaleleni nina nabantwana benu. Ngokuba bhekani ziyeza izinsuku abayakusho ngazo bathi, zibusisiwe izinyumba nezizalo ezingazalanga namabele angancelisanga. Khona bayakuqala bathi ezintabeni, welani phezu kwethu, nasemagangeni: sisibekeleni. Ngokuba uma benza lokhu emthini oluhlaza, kuyakwenziwani kowomileyo na? *(Luka 23:28-31).*

Umzindlo: Amakhosazana okuqala aseMariannhill yiwo ayekanye no-Abbot Francis ezwa lobo buhlungu owayebuzwa. Endaweni yokuba u-Abbot Francis aduduzeke ukuba seduze kwabo, kodwa uye owawaduduza. Uye owayeyinsika nomlondolozi wawo. Kwakuyinjabulo enkulu kuye ukuba kanye nawo ikakhulukazi lapho umhlangano wawo wavunywa abaphathi abakhulu beBandla.

Ngabe thina siyakwazi yini ukusebenza ndawonye ngokuthula, sisizana ezidingweni zethu, njengoba nabaPhostoli bekugcizelela kakhulu lokhu kuwo wonke amakholwa?

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Oh Jesu Kristo, wafika kulo mhlaba ukuzosipha usindiso. Sisize sikwazi ukubona ubukhona bakho sidle izithelo zosindiso lwakho.

Kuwe Oh Jesu, owazalwa yiNtombi uMaria yaseSiyoni, makube udumo nothando kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESISHIYAGALOLUNYE:
UJESU UYAWA NGOKWESITHATHU

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Kuhle kumuntu ukuba athwale ijoka ebusheni bakhe. Makahlale yedwa athule lapho emthweswa lona. Makabeke umlomo wakhe othulini, mhlawumbe kungaba khona ithemba. Makanike isihlathi sakhe komshayayo, asuthe ngenhlamba. Ngokuba uJehova akayikulahla kuze kube phakade. Ngokuba noma edabukisile, uyakuhawukela nokho ngokobukhulu bomusa wakhe *(Isililo 3:27-32).*

Umzindlo: Ukuthi umuntu uwa kangaki akusho lutho. Okubalulekile ukuwa ubuye uvuke. Ekukhandlekeni kwakhe u-Abbot Francis wayezama njalo ukubuye avuke nalapho wayesedinga khona usizo.
Lapho sesizibona sixhomekeke kwabanye abantu ukuthi siqhubeke endleleni yethu ngenxa yobuthakathaka bemizimba yethu, nalapho sekufanele siphakanyisiwe abanye abantu, masithole amandla ka-Abbot Francis. Unqamlezo alusona isiphelo sempilo kodwa yisiqalo.

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, waveza emhlabeni wonke umvuzo wosindiso lwethu. Siphe siyakuncenga, ukukhanya kokholo, ukuze sibe namadla nesibindi sokulandela kuleyo ndlela, indlela yonqamlezo eya ekuphileni okungayikuphela.
Kuwe, Jesu, meluleki wethu lapho sibuthakathaka, makube udumo nothando kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESHUMI:
UJESU UKHUNYULWA IZINGUBO

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Esefikile endaweni okuthiwa iGolgotha okungukuthi indawo yekhanda, amphuzisa iWayini elixutshwe nenyongo. Kodwa kuthe elizwa akathandanga ukuliphuza. Esembethele esiphambanweni abelana ngezingubo zakhe, enzelana inkatho, ahlala amlinda khona *(Mathewu 27:33-36).*

Umzindlo: Ekugcineni u-Abbot Francis wahlutshulwa konke awayenakho empilweni yakhe. Wama yedwa phambi kweNkosi yakhe. Ngisho nabafowabo nodadewabo imbala bamhlubuka, bamshiya yedwa.

Nathi ezimpilweni zethu siye sibuzwe lobo buhlungu bokulahlwa, isikhathi sokuhlutshulwa kwakho konke lokho esikuthandayo nesikuphilelayo. Ngabe siyaqonda yini ukuthi lesi sikhathi sobunzima yiso esiphendula unqamlezo lube ukukhanya kwePhasika?

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu, wakwamukela ukufa kwasoNqamlezweni kwaba ukusindiswa kwethu. Siphe thina kanye nabo bonke abantu bakho isabelo ekuzinikeleni kwakho kwasoNqamlezweni, ukuze esiyikho nesikwenzayo kuhlale kukhululekile nesazi kahle ukuthi kungumsebenzi wakho wosindiso.

Kuwe, Jesu, Mpriste nowahlushwa, makube udumo nothando kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESHUMI ELINANYE:
UJESU UYABETHELWA ESIPHAMBANWENI

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Abeka phezu kwekhanda lakhe, icala lakhe libhalwe ngokuthi: “LO NGUJESU, INKOSI YAMAJUDA”. Kwabethelwa kanye naye abaphangi ababili, omunye ngakwesokunene, omunye ngakwesokhohlo. Kepha abadlulayo bamhlambalaza benikina amakhanda abo bethi: “Wena odiliza ithempeli ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu, zisindise uma uyindodana kaNkulunkulu, wehle esiphambanweni. Kanjalo nabapriste abakhulu bambhinqa kanye nababhali namalunga, bathi: “Wasindisa abanye, angezisindise yena, eyinkosi yakwa-Israyeli, akehle manje esiphambanweni ukuze sikholwe nguye” *(Mathewu 27:37-42).*

Umzindlo: Enyangeni yokugcina empilweni yakhe u-Abbot Francis wahlaselwa kakhulu ukugula. Kwakufana nokubethelelwa esiphambanweni. Kodwa wathula cwaka kulezo zinhlungu zomzimba nobunzima bengqondo.
Nathi asingeke silubalekele uNqamlezo. UKristo wabethelwa esiphambanweni ukuze abuye akhululwe futhi ngobukhosi.

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, wavuma ukubethelwa esiphambanweni, wavuma ihlazo lalobo buhlungu, ukucekelwa phansi komzimba wakho kanye nesithunzi sakho. Wavuma ukunqanyulezwa, awuzange uzame ukubaleka kumbe ukwehlisa izinhlungu. Sisize nathi singakubalekeli okufanele sikwenze. Sisize sihlale sithembekile

kuwe, sisuse umfanekiso ongelona iqiniso wenkululeko engasenza sibalekelane nawe. Sisize samukele inkululeko yakho ukuze sibone inkululeko eliqiniso.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESHUMI ELINAMBILI:
UJESU UYAFA ESIPHAMBANWENI

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Ngehora lesishagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu wathi: “Eloi, Eloi lama sabatana?” okungukuthi ngokuhunyushwa: “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyelani?” Wayesegijima omunye wagcwalisa ilula ngoviniga walichoma emhlangeni, wamphuzisa wathi: Yekani sibone uma u-Eliya ezakumehlisa. UJesu wayesememeza ngezwi elikhulu, wafa *(Marku 15:34, 36-37).*

Umzindlo: U-Abbot Francis wafa ekuthuleni kobusuku. Kulowo mzwangedwa wanikela impilo yakhe kuNkulunkulu. Lokhu kwaba isiqalo sempilo njengembewu yamabele ewela emhlabathini ukuze ithele izithelo.
Thina-ke singazindla buthule ngezimangaliso zikaNkulunkulu kula mazwi: UKristo kwakungafanelanga yini ukuba ahlupheke ukuze angene embusweni wakhe wasezulwini na?

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, esikhathini sakho sokuhlupheka wanikela bonke abantu esihawini sikaNkulunkulu nabo bonke ubuthakathaka babo nezono zabo. Sigcwalise thina kanye nabangakazalwa ngomoya wothando ukuze ukuhluka kwethu kungasoze kufihle kithi izithelo zokufa kwakho.
Kuwe, Jesu onqanyuleziweyo, kuhlakanipha nama-ndla kaNkulunkulu, makube udumo nothando kuze kube phakade.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESHUMI NANTATHU:
UJESU UBEKWA EZINGALWENI ZIKANINA

- ✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
- ✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: Kepha induna yekhulu nababenayo belinde uJesu sebebona ukuzamazama nalokho okwenzekileyo besaba kakhulu bathi: Nempela lo ubeyiNdodana kaNkulunkulu. Kwakukhona lapho abesifazane abaningi bebukele bekude, ababemlandela uJesu bevela eGalile, bemkhonza *(Mathewu 27:54-55).*

Umzindlo: Yeka lolo sizi olwalahla u-Abbot Francis kule mpilo. Ngabe wenza okukhulu kunalokho akwenza. Sibonga usizi nobuhlungu babalandeli bakhe ababethembekile: abafowabo nodadewabo kuKristo kanye namakholwa, abamkhalela ubaba wabo.
Singasho yini njengoMaria sithi: Ngiyincekukazi yeNkosi, akwenzeke kimi njengokusho kwakho?

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi, wehlela ebumnyameni bokufa. Ngesikhathi sobumnyama sisize sazi ukuthi ukhona. Ungasilahli lapho silingwa. Sisize singakushiyi wedwa. Siphe ukuthembeka simelane nezikhathi zokudideka kanye nothando lokukusingatha ekuphelelweni kwakho amandla, njengomama wakho owakubeka esifubeni sakhe. Sisize sibheke ngale kwakho konke ukusaba kwethu nemicabango yethu, sinikele konke ukuzama kwethu, izinhliziyo zethu kanye nesikhathi sethu, silindele isikhathi sokuvuka.

- ✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
- ✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

INDAWO YESHUMI NANE:
UJESU UBEKWA ETHUNENI

✢ Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga.
✢ Ngoba ngoNqamlezo lwakho oluyiNgcwele wasindisa isintu.

Isifundo: UJosefa wasithatha isidumbu wasisonga ngendwangu enhle ehlanzekileyo wasibeka ethuneni lakhe elisha ayeliqophe edwaleni, wagingqela itshe elikhulu emnyango wethuna, wahamba. Kepha kwakukhona lapho uMaria Magdalena nomunye uMaria behlezi phambi kweliba.

Umzindlo: U-Abbot Francis naye wabekwa emhlabeni. Uzophumula elindele ukubuya kukaKristo. Siyahlala sizungeze ithuna sizilile sikhala. Kulabo abakholwayo ithemba lokuvuka kwabafileyo lisethuneni. Impilo entsha isemhlabeni nalapho kusebusika, ukuqhakaza kwehlobo kungakafiki.

Masithule isikhashana / Umkhuleko:
Nkosi Jesu Kristo, ngamandla oMoya Ocwebileyo, waholwa nguBaba ebumnyameni bokufa wakusa ekukhanyeni kwempilo entsha yobukhosi. Yenza ukuba umfanekiso wethuna elingenalutho lisho okuthize kithi nakwizizukulwane ezizayo ukuze sibe ngumthombo wokholo oluphilayo, uthando olungenamkhawulo kanye nethemba elingenyakaziswa yilutho.
Kuwe, Jesu, obukhona bakho, ukufihleka kanye nokunqoba kwakho kugcwalisa umlando womhlaba, makube udumo nothando kuze kube phakade.

✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

ISIPHETHO:
UKUVUKA KWABAFILEYO

Umkhuleko: Nkosi Jesu, ulwesiHlanu olumnyama usuku olumnyama, usuku lwenzondo, usuku lapho olungileyo wabulawa. Kodwa lolu lwesiHlanu akuyona into yokugcina: into yokugcina yiSonto lePhasika, lapho ukuphila kwanqoba ukufa, nokuhle kwanqoba okubi.

Nkosi Jesu, umGqibelo omkhulu wusuku lokukhandleka, usuku lokwesaba nokudideka okukhulu, lapho sengathi konke kwasekuphelile. Kodwa umGqibelo omkhulu awusona isiphelo. Usuku lokugcina yiSonto lePhasika, ukukhanya, okukhanya kabusha, uthando olunqoba inzondo.

Nkosi Jesu, lapho sizizwa sikulwesiHlanu olumnyama, lapho sizizwa sisebuhlungwini obukhulu, siphe ukholo olufana nolukaMaria olunganyakazi ukuze sikwazi ukukholwa ebukhoneni beSonto lePhasika. Siphe indlela eyiyo yokubona ukuze sibone loko kuqala kokukhanya okubikezela usuku lokugcina lomlando: “Izulu Elisha nomhlaba omusha” osekukuwe wena owanqanyulezwa wabuye wavuka. Amen.

✢ Ngokufa kwakho wanqoba ukufa.
✢ Ngokuvuka kwakho wasibuyisela ukuphila, Nkosi Jesu uze ubuye.

IZINKAMBO EZIYA-EMAUS MISSION

Umqambi weMariannhill nomPhostoli waseNingizimu Afrika, u-Abbot Francis Pfanner, wahamba emuva kokudingiswa kwakhe njengomphathi weMariannhill. Ngonyaka ka-1892 waya eLourdes Mission, kwathi ngo-1894 waqamba i-Emaus Mission njengendawo lapho aphumula khona engahlushwa yilutho. Emva kokuhlala kwakhe iminyaka eyishumi nanhlanu (15) wakha indlela emangalisayo yonqamulezo.

U-Abbot Francis Pfanner washona ngomhlaka 24 May 1909, khona e-Emaus Mission. Umzimba wakhe ufihlwe emathuneni aseMariannhill. Umoya wakhe ulokhu uvunguza ukusivuselela njalo.

Ngonyaka ka-2007 amaDodana namaDodakazi ka-Abbot Francis Pfanner, asakhe indawo yokumkhumbula e-Emaus Mission ukuze bagcine umoya wakhe uvunguza njalo emhlanganweni naseBandleni lonke jikelele.

Amasonto nabazalwane bonke nje bayanxuswa ukuba balugcine lolu hambo oluyingcwele lwase-Emaus minyaka yonke. Uma uthanda ungazivuselela noma uzenzele olunye uhlelo lwakho kulendawo.

Kulendawo ungakwazi futhi ukuzenzela iMisa eliyi-ngcwele kanye namaKhosazane eGazi eliliGugu likaKristo. Ungathandaza futhi nasendlini lapho ashonela khona, eyakhiwa uye uqobo ngo-1904. Ungathandaza futhi indlela yonqamulezo eyakhiwa uye, noma uthandaze kuMaria kwi-Grotto eyakhiwa uye futhi. Ungazindla ngempilo yakho, futhi uhlezi edwaleni eladilika ngaphambi kokufa kwakhe u-Abbot Francis Pfanner.

I-Emaus Mission iseduze neDolobha laseMzimkhulu emgwaqweni i-R56 phakathi kweXopo neKokstad. Uma usuka ngaseXopo ujika ngakwesokunene eduzane ne-"KFC" eMzimkhulu. Ushayele phakathi nezitolo udlule e-FET College bese ugibela intaba. I-Emaus ingamakhilomitha awu-17 uma usuka eMzimkhulu emgwaqweni omuhle webhuqu, osufakwa itiyela.